Ulwazi olululekayo

Umkhankaso wokungahambisani nokuDlwengulwa

TAC
TREATMENT ACTION CAMPAIGN

UkuDlwengulwa nokuBulawa kuka-Eudy Simelane

Mhla zingama-28 ku-Emphreli ka-2008, umdlali weqembu lebhola likanobhutshuzwayo labesifazane leseNingizimu Afrika kanye nesishoshovu samalungelo ama-lesbian & gay wadlwengulwa iviyo, washaywa waphinde wabulawa ngesihluku endaweni yangakubo, KwaThema eSprings (eGauteng). USimelane wagwazwa amanxeba angama-25 ebusweni, esifubeni kanye nasemilenzeni ngaphambi kokuba umzimba wakhe ongagqokile wonke ulahlwe kumfudlana oseduze. Mane amadoda aboshelwa leli cala. Oyedwa kwabathweswe icala wagwetshwa iminyaka engama-32 ngoFebhruwari ka-2009. Amadoda amabili kulawo ayeboshiwe atholwe engenacala. Kwathi eyesithathu yagwetshwa udilikajele ngoSeptember ka2009.

Izinga eliPhezulu kunawo wonke lokuNuku-bezwa ngokoCansi eMhlabeni wonke

Angaphezu kwama-36,190 amacala okudlwengulwa abikiwe emaphoyiseni aseNingizimu Afrika phakathi kuka-Ephreli kanye noDisemba ka-2007. Aban-ingi kwabadlwenguliwe abasindile babengaphansi kweminyaka eyi-18. Njalo ngemizuzwana engama-26 owesifazane uyadlwengulwa eNingizimu Afrika. Kuq-ikelelwa ukuthi oyedwa kwabathathu kwabesifazane baseNingizimu Afrika uyonukubezwa ngokocansi em-pilweni yakhe. Leli zinga lingelibi kakhulu emhlabeni kunoma iliphi izwe elingekho empini.

Futhi, ukuqikelela kukahulumeni kukhombisa ukuthi oyedwa kuphela kwabesifazane abayisishiyagalolunye abadlwengulwayo obika ukuhlaselwa emaphoyiseni. Ukudlwengulwa akubikwa kakhulu ngenxa yezizathu ezehlukene, ezihlanganisa ukwesaba ukuhlaselwa ukuziphindiselela, umuzwa wehlazo mayelana nokunukubezwa, kanye nokuthembela ngokwezezimali kumdlwenguli. Angama-8.9% kuphela amacala okudlwengulwa aphetha ngokugwetshwa, okushabalalisa ukwethemba umthetho nakho okunomthelela kukungabikwa kakhulu. Ubufakazi buyakhombisa ukuthi izigwebo babadlwenguli isikhathi esiningi zincane kakhulu – kulinganiselwa kuma-15% ukugwetshwa kwabadlwenguli abathola izigwebo ezingaphansi kwalezo ezincane ongazithola okuyiminyaka eyi-10.

I-TAC inyusa izwi layo ngokubumbana nabasinde ekunukubezweni ngokocansi, izishoshovu kanye nezinhlangano ezilwela ukuqeda lonke udlame olusekelwe kubulili. I-TAC izinikezele ekulweleni ukugwetshwa kwabenza la macala kanye nokwenza isiqiniseko sokuthi abasinde ekunukubezweni ngokocansi bathola ukunakekelwa abakudingayo.

TAC
TREATMENT ACTION CAMPAIGN

www.tac.org.za

IsiZulu

IMithetho kanye namacala aqophe umlando:

- **UMthetho woDlame lwaseKhaya ka-1998** wabophezela uhulumeni ekuqedweni kodlame lwasekhaya. Wahlanganisa ukuhlinzekwa kwemiyalelo yokuvikelwa kwabenza udlame lwasekhaya, ukuqinisekiswa kokunikwa kokungangenwa muntu kwezindaba eziphathelene nabasindile, kanye nokwenziwa icala kokudlwengulwa emshadweni.
- Icala lango-**2002 phakathi kuka-Van Eeden noNgqongqoshe weZokuphepha nokuVikeleka (SCA)** lasungula ukuthi uhulumeni unomsebenzi wokugcina ejele abasolwa okungenzeka baphinde benze amanaye amacala okunukubeza ngokocansi kwabesifazane.
- Icala lango-**2005 phakathi kuka-K noNgqongqoshe weZokuphepha nokuVikeleka (CC)** wamangalela uNgoqngqoshe weZokuphepha nokuVikeleka ngokuthi kumele akhokhe isinxephezelo ngemuva kokuba amaphoyisa ama-3 'ayesemsebenzini' adlwengula owesifazane.
- Icala lango-**2005 phakathi kwe-S noSikipha (SCA)** kwathethiswa ijaji ngokuziphatha kobuphathriyakhi kanye nokuchema ngobulili lanika isithombe sokuthi amadoda angaxolelwa ngokudlwengula uma abantu besifazane begqoka noma beziphatha ngendlela evusa inkanuko.
- **Ipholisi yoMnyango weZempilo kaZwelonke Yokunukubezwa ngokoCansi (2005)** ibophezele uhulumeni ukuthi ahlinzeke ngokunakekelwa kwezempilo okushehsayo nokuphelele kwabahlukumezekile ngemuva kokunukubezwa ngokocansi futhi nokwenza isiqiniseko sokuthi ubufakazi bezempilo bokunukubezwa ngokocansi kuthathwa ngendlela efanelekile nangokuphelele. Ihlanganisa ukuzibophezela: ukuhlinzeka ngamakhithi okudlwengulwa kuzo zonke izikhungo ezihlinzeka ngosizo kwabanukubezwe ngokocansi; 2) ukunikeza abahlukumezekile imishanguzo yegciwane lengculaza kanye namaphilisi okubula amagciwane ezifo ezithathelana ngokocansi; 3) ukuhlinzeka ngokuhlela igciwane lesandulela ngculaza kanye nokwelulekwa ngemuva kokuhlolwa; 4) ukwenza isiqiniseko sokusizwa ngokwezomqondo kwabahlukumezekile; 5) ukugcina indlela okumele ilandelwe ephelele uma kuqoqwa ubufakazi.
- **UMthetho waMacala aphathelene nezoCansi ka-2007** wanciphisa izimo lapho umlando ngokuphathelene nezocansi wabasindile ungasetshenziswa njengobufakazi. Welulela incazelo yokudlwengulwa ngaphezu "kokuya ocansini nowesifazane ngaphandle kwemvume yakhe" ukuze kuhlanganiswe izinhlobo ezihlukene zokungenwa kwabesifazane kanye nabesilisa. Futhi wahlinzeka ngokuthola imishanguzo yokwehlisa amathuba okuthola igciwane lesandulela ngculaza ngemuva kokubekeka engozini (PEP) kubo bonke abahlukunyezwe ngokocansi. Washo ukuthi ngesikhathi abasindile bebika amacala kwisikhungo esibekelwe i-PEP, asikho isidingo senombolo yecala.

Le mithetho kanye nezinqumo ezenziwe uhulumeni kanye nezinkantolo eziphakeme eNingizimu Afrika zingukunqoba. Kodwa KUMELE ZENSIWE IQINISO!

Imikhankaso edlule ye-TAC kanye nezinhlangano esebenzisana nazo engamacala okudlwengula:

- **NgoDisemba ka- 2003, uLorna Mlofana,** owayengumholi we-TAC eKhayelitsha (eNtshonalanga Kapa) wadlwengulwa endlini yangasese yaseshibhini. Wabe esebulawa umdlwenguli kanye nowayedlula ngesikhathi bethola ukuthi wayenegciwane lesandulela ngculaza. Ukugqugquzelwa okukhulu komphakathi izishoshovu ze-TAC kanye nokuningi ukumashela ukukhombisa ukungahambisani nalokhu kwalandela. Kwathatha ukufinyelela kuFebhruwari ka-2006 ukuthi kugwetshwe abahlaseli.
- **NgoDisemba ka-2005, uNandipha Makeke** wadlwengulwa wabulawa. Kwathatha ukuvela enkantolo izihlandla eziyi-20 kanye cishe neminyaka emibili kanye nohhafu yokuzwakalisa ukungeneliseki kwamalungu e-TAC ukuze ababili kwabane ababethweswe amacala ukuthi batholakale benecala bese beyagwetshwa.
- **Ngo-Okthoba ka-2005, uBuyisiwe** kunezinsolo zokuthi wadlwengulwa iviyo eTembisa, eGauteng, ngamadoda ayi-8. Wabika lolu daba ngaleso sikhathi emaphoyiseni kwase kuboshwa amadoda ayi-7. Ngemuva kokuthi amanye amadokhumenti aphathelene necala 'alahleka' ngokusolisayo, leli cala lasulwa kuhlu lwamacala enkantolo ngoJuni ka-2006. naphezu komsebenzi wezishoshovu ze-*1 in 9 Campaign*, icala alibuyiselwanga kuhlu lwamacala kwaze kwaba nguNovemba ka-2006. Kwaze kwaba nguJulayi ka-2007 ukuthi icala lize okokuqala enkantolo. Emva eminyaka emine icala lavulwa,amododa abandakanyekayo agwetshwe ngaphakathi kweminyaka eyishumi nesikhombisa ukuya eminyakeni engamashumi amabili.
- **NgoJuni ka-2007**, ilungu le-TAC elineminyaka yobudala eyi-18 u**Nomthandazo Radebe** wadlwengulwa uSonwabo Mangcongoza eLusikisiki. Kuze kwaba nguMashi ka-2009 ukuba umsolwa atholakale enecala futhi agwetshwe.
- Mhla zingama-**24 ku-Okthoba ka-2008, uSesethu Mcimeli,** oneminyaka yobudala eyi-8 endleleni eya ekhaya ebuya esikoleni, wadlwengulwa ngoneminyaka engama-24 yobudala. Izishoshovu ze-TAC zamashela esiteshini samaphoyisa saseMfuleni ukuzwakalisa intukuthelo yazo, zimemeza ukuthi: "Abadlwenguli kumele basuswe emphakathini wethu". Kwaboshwa indoda kwase kulethwa icala enkantolo. Kodwa, mhla zingama-30 ku-Ephreli ka-2009 leli cala lesulwa enkantolo.

Kumele silwe nesinembekezelo ngokuphathelene nokunukubezwa ngokocansi, ukuze abanye abasindile bezovela ngaphambili ngaphandle kwehlazo. Kumele silwe ukuze senze isiqinisekiso sobulungiswa kwabasinde kudlame olusekelwe kubulili kanye nokuvimbela ukusilela emuva kumacala alalelwayo.

I-TAC kanye nesebenzisana kanye nabo seyikhiphe lezi ziphakamiso ezilandelayo zezinto okumele zenziwe:

1. Ukuphela kokuhlushwa kwabasinde ekudlwengulweni amaphoyisa kanye nezikhulu zezinkantolo.
2. Ukusungulwa kwezikhungo zenhlekelele yokudlwengulwa ezifana neSimelela (eKhayelitsha) kanye neThuthuzela (eGugulethu).
3. Kusheshiswe ukuqaliswa kweziNkantolo zamaCala aphathelene nezoCansi.
4. Ukwenza ngcono ukutholakala kwemishanguzo yokuvimbela ukutheleleka ngegciwane lesandulela ngculaza ngemuva kokubekeka engozini yokudlwengulwa kanye nokunakekelwa kwezempilo okuphelele okuhlanganisa nokwelulekwa kwabasindile, futhi lapho kukhona khona isidingo, nemindeni yabo.
5. Izinhlelo ze-Scale up ezizohlomisa abasinde ekudlwengulweni futhi zenze ngcono nokuqwashiswa komphakathi.
6. Ukwenza amaphoyisa abe nozwela ngezivimbelo abesifazane ababika amacala ababhekana nazo.
7. Ukwenza ngcono ukuphenywa (ikhakhulukazi ukuqoqwa kobufakazi bezomthetho) kwamacala ezomthetho.
8. Ukunikeza ezinye izinsiza kwizinhlelo zezinkantolo ukuze kusheshiswe ukushushiswa futhi kwenziwe ngekhono elikhulu.
9. Ukunikeza izinsiza ezingabantu kanye nezimali emaphoyiseni (okuhlanganisa nezikhungo zokuhlomisa abahlushwayo).
10. Ukuqinisekisa izigwebo ezinde kubadlwenguli kanye nababulali.
11. Ukugqugquzela ukukhishwa kwamaqembu emigulukudu (gangsterism) kanye nobugebengu.
12. Ukwenyusa izinsiza zemisebenzi yokuhlunyeleliswa izimilo zezigebengu.
13. Ukuqinisekiswa kokukhonjwa ngokushehsa kanye nokuboshwa kwezigebengu.
14. Ukuphela kokuba icala komsebenzi wokuthengisa ngomzimba kanye nokufuna ngamandla ukuthi amaphoyisa ayeke ukuhlupha abathengisa ngomzimba.
15. Ukuqaliswa kwezinhlelo ukuqinisekisa ukuphepha kwezikole.

Designs4development, www.d4d.co.za